Miscellaneous items of history and custom K13/21
800(53) 1 b K13/21 ~~K1373~~/21

F. Vilakazi.



1. Indlala enkulu uzi6ulale.

Kwathi ukuba uNgwane omunye asalekwa Ngwane ngenkathi inkosi u-Dlamini echitha umu6uso wakwa Ngwane kwase kuvela enkulu indlala kwelase Swazini. A6anye 6athi lendlala yagcwala lonke izwe ngo6a a6antu 6aswela ukuthi 6anga shonaphi. Ngo6a nakwa Zulu a6antu 6azula ezinkalweni. Kungalesi sikhathi lapho kwavela khona amazimu. A6anye 6athi amazimulana avezwa izimpi zika<u>Shaka</u> kanti nayo indlala yenzelela uku6a a6antu 6aphenduke amazimu. Njengo6a izinkomo zazivele zingeningi ngesikhathi ku6usa uDlamini ka Ngwane kwathi ingcosana yazo yathathwa yiwona amasela. AmaSwazi aphendula aphila ngo kuzingela izinyamazane

2. aze afunda ukudla nezilwane ezingadliwa izimfene nezinkawu nezingwe. Nanamhlanjena 6asazidla kuthiwa a6anye 6adla amakhashi namakati njengo6a nanamhlanjena kusadliwa. Kuthiwa 6ehlulwa inyama yenyoka neyenja eya6agulisa 6afa. Eyomuntu 6ayifunda lapho ukuyidla. Nanamhlanjena a6anye 6asayi6a6aza u6umunandi uku6a akungenxa ya6amhlophe nga6e kuyadliwana impela. Kungenda6a yendlala lapha a6antu 6afunda khona u6uge6engu.

Kwathi la6o a6a6enezinkomo 6ahlupheka kakhulu impela. Inkonyane yayingasa khulekwa uma umuntu ekuva linga ukuyikhuleka wayaye afumanise ingasekho;

3. Kwakuye kuthi uma 6e6ona ukuthi zimi zodwa 6aphume kahle emaHlathini 6aye emizini yamadoda. A6anye 6ala6antu amadoda ayenemizi yawo. Kuya kuthi ntambama a6uyele ekhaya amanye njalo aphume nga6o u6usuku ahambe ezingela emizini yamanye amadoda. Kuyothi uma 6efumanisa inkonyane ifakwe isisinga 6asinqume 6ayetshathe inkonyane kude, kude emahlathini amakhulu lapho ku ngahanjwa khona. 6a6engesa6i la6a 6antu. Usezoyimbela khona ehlathini omunye useloku eya ngokuyoyithatha uma kuzodliwa. Kuthiwa u6oni 6a6engenanda6a na6o. A6anye 6a 6ulawe ukudla inyama seyonakele, a6anye 6a6ulawe ukudla inyama, noma yikuphi ukudla a6akufumanisile 6aze 6eqise kathi sekunezinsuku 6akugcina ukudla.

4. A6anye njalo 6auga6e 6esaphindela emzini wa6o ngo6a 6aya6ona ukuthi imizi ya6o mikhulu se6ayehluleka ukuyondla. Inkonyane 6a6elinquma ngomkhonto 6ayingumele emahlathini. Umlilo 6a6e wokha emzini ngokuntshotsha uma kunge njalo kuthiwa 6a6ephehla uzwathi 6a6ase.

/Kwakuthi uma................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Kwakuthi uma imehlulile ukuyiqeda useyiphanyeke emithini, kuthi la6a a6afunayo se6e6ona ngesiza sayo lapho a6eyidlela khona. Omunye kuthiwa wayeyiqeda 6ese 6efumanisa ngeziko kuphela. Uma 6emufumanisile se6emxosha 6aye 6amu6ambe omunye njalo 6ehluleke ukumu6amba. Omunye kanti umakhelwane omunye ku6e yisihlo6o. Se6emu6ulala 6anda a6antu ngokwe6a.

5. Omunye njalo uma6e mu6a wukela 6amuyeke 6amuse emzini wakhe. Omunye use zophinda ayontshontsha uma esephinda noma nga6e uyaziwa waye6ulawa. A6antu a6afa kakhulu yizingane nama khosikazi. Ngo6a yizona izingane a6a6ezintshontsha 6ayozidlela emahlathini. Omunye umuntu a6uye azo-kudla umuzi wakhe e6usuku. Uma azi ukuthi washiyani useyilanda eyoyi-dla yedwa. A6anye 6alande 6ona a6anta6a6o ngoku6antshontsha 6a6akulale. Kwathatha iminyaka eminingi uku6a lomkhu6a uphele ku6antu. Nanamhlanje-na usezwa kukhulunywa ngawo amajaphane a6antu a6a6ulala a6anye a6afu-nyaniswa emahlathini.

6. Kokunye 6a6ethatha amagula uma 6e6ona ukuthi akunamuntu. Uma inkosikazi iyodwa umuntu usefikisa okwesihambi use6uza umhunizane. Uma ezwile ukuthi akekho use6amba noma yini ayithandayo noma igula noma umntwana. Kuthiwa 6a6ethi inyama yomntwana imunandi kuneyomuntu om-dala. Izothi noma ikhala inkosikazi phihde nanguyana emahlathini uma ingane ikhala wayeyi6ulala ahambe nayo eseyi6ulele. Yayi6ulawa ngoku-sontwa. Usezofunwa omunye angathola omunye njalo 6amfumanise use6ulawa naye. Uma kuyigule waye landisa umlomo ngomkhonto 6ese uyadla ngesa-ndla omunye aliphuze njalo njena.

7. Kuthiwa amagula kwahamba ase embelwa phansi emhla6athini amanye ayembelwa emusamo endlini amanye ambelwe esi6ayeni sezinkomo ukuze ama-sela angali6oni. Umuntu ewayembela lona igula uyena umnumzane. Wayaye a6axoshe 6onke ekhaya uma eselimbela ikakhulu izingane. Ukudla se AmaSwazi a phela impela ngalonyaka aye6ulalana odwa.---------------- ngathi o6onjeni kwakukhona nakwa Zulu kuthiwa lalikhetha izindawo.// Nanamhlanjena uma ungasisa izinkomo zakho ehlanzini kwenzeke li6e nendlala 6akuthatha konke ngisho nenzalo yayo 6ayidle. Uma wena uthi uyaya usuya6ulawa khona lapho. Indlala iyithanda kwa Ngwane kakhulu enhla-nzeni.

8. Kwakuye kuthi a6anye 6ezwe ukuthi ukudla kukhonyana endaweni ethile manjena 6ese 6a yamemana uku6a 6ahambe 6aye kuleyo ndawo 6azohamba 6e-hlomile uma 6eyalapho. Uma umuntu e6onakele eyedwa waye ebulawa

/ephucwe ukudla..............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

e6lawa ephucwe ukudla loko nazo izige6engu zazihlangana ndawonye khona emahlathini zi6ulale a6antu. Uma zehluliwe 6azi6ulale a6antu. Kwathi imigodi yokudla yambuva u6usuku yizona izige6engu. Kwathi ngoku 6ona loku inkosi yase ikhipha impi uku6a zi6anjwe zonke zi6ulawe kwathi ezi-ningi za6aleka zaqonda ondini kulapho zafike za6a a6eSuthu. A6anye a6antu 6amaZwazi 6alishi 6akanjalo elase Swazini ngenda6a yendlala. Na-mhlanjena uyawa fumanisa amaSwazi kubeSuthu. Kwakungayiwa, umuntu e6o-

9. nwa engungweni. Uma ingungu uyimbo mhlawu6e 6eku6ona wawufumanisa ngaku sasa kungasekho 6utho. A6anumzane a6anezinkomo 6aphila ngokuzi gada izinkomo za6o. Kwakuthi nase 6usuku kulalwe phandle kubekwe zona izi-ge6engu kwakwe nza imizi emkhulu loko. Umuzi onezinsizwa umuzi ongena lutho wawe sa6a ngo6a a6antu 6a6engawu 6ulala. Uma umuntu e6ona ukuthi izimpahla zakhe ziyaphela waye mema a6antu uku6a 6azomgadisa omunye azi-sise izinkomo zakhe kwa6anye a6antu. Omunye athuthe aye emizini emi-khulu ayoncika kuwona. Phela umuntu owaye nomuzi omncane kuqala kwaku-thiwa umfokazana lowo muntu.

10. Uma umunmzane othile ehla6a waye tshena izihlo6o zakhe ku6e kuphela. Futhi umuntu waye ngasho ukuthi ngihla6ile wayethi ngiqwashile. Kuya-kuthi e6usuku inkomo isiya6anjwa i6ulawe kwesatshwa a6antu a6anye ukuthi 6azozocela amantshontsho inkomo lena 6ese iphelela ku6ona. Kwakuthi uma isihlanhlelwa kuthathwe ugodo lufakwe luze luyo phuma phezulu emimi zweni kwenzelwe imbazo uku6a inga6angi umusindo uma sekuhlahlelwa. Uma kuthuke umuntu ongaziwa esondela useya6ulawa kuthiwe iwona amasela a-ntshontshayo. Kwaphela konke kwa Ngwane ngale ndlala ngo6a na6antu 6a6endlana 6ondwa a6anye 6alahle imizi ya6o 6ahlala emahlathini.

11. Kwakuthi uma inkomo iseqediwe ukuhlinzwa 6ese kukhishwa izitho zayo zonke. Kuya kuthi isitho singakhishwa sisiwe endlini, ukuze isheshe ukuphela inyama ukuthuthelwa endlini. Uma isiphelile ukuthuthelwa endli-ni leyo umnumzane usezolala khona wenzela wona amasela uku6a angayithathi inyama lena. Phela wayazi naye ukuthi amasela uhlinza nawo khona lapha. Waye sa6a ukuwa tshena ukuthi ingani o6ani amasela. 6azo6uye 6azoyi-thatha yona lenyama sengi6aphe kangaka na. Kwakuthi emini a6ena6o kuthi e6usuku a6ashiye ayemahlathini. Amanye njalo a6ena6o e6usuku amuke emini.

12. A6anye kuthiwa 6aphila ngezimpande zemithi kanti a6anye njalo 6e-phila ngezithelo zasendle. Kuthiwa ezindaweni ezingenazo izithelo

/a6antu 6adla.............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

shiye ini" lama6utho wonke a6eke khona esi6ayeni lapho kukhona inkosi nezinduna ezinkulu nezinyanga. Sekumnyama izinkalo uma ama6utho e6uye kanye, kanye. Amanye ama6utho asho lesisiga "impi, impi" asho njalo ayaziwa ukuthi yiliphi leli. Sekuyakuthi ngelikade angene esi6ayeni. Uma esengena la6a okuyi6ona 6ehla6ene se6ephuma eningini 6ehlaliswa 6odwa 6ona. Ngaphambi koku6a kusukume la6a a6agwazile sokusukuma induna esi6ayeni isiyicazela inkosi ukuhamba kwemfa.

17. Naleyo nduna isizo sukuma icaze nayo ukuthi impi yayo ihambe kanjani. Uma ukuthi induna iyazisola izinduna ezinye 6ese iya6ika ukuthi impi yonakele nkosi. Isizokusho ukuthi yoniwe u6ahi ngani. Nenye njalo isikume isho lapho isola ngahluna. Phela kukhona izinduna ezinkulu ezibasoba impi yonke kukhona nezinye ezincane ngokundlulana nangomuse6enzi wazo ema6uthweni. Induna enkulu iyona iyiphakayo impi. Uma iyiphaka ini kezela ezincane izinduna uku6a ziyihole ku6e yizona futhi eziyilwisayo. Nayo induna nkulu iyalwa kodwa ezigijima ezimpondweni izinduna ezincane. U6uduna lo6u umuntu u6uthola ngo6uqhawe 6akho. Uma
18. umuntu eligwala aka6utholi yena. Nomuntu awone impi uma enga6ulawa nga uyayekiswa omunye uku6a yinduna. Kuye, kuye Ngecala lakhe alenzile. Uma inkosi imuthethelele isizomulungisela ingomuso seyizomukhiphisa enye impi uma nakuyo ehlulekile useya6ulawa yena. Ngako u6uduna lo6u 6uyinto enzima a6anye 6a6enga6ufisi ngo6a umuntu ulindelwe ukufa njalo njena. Inkosi isiyomu6iza asondele kuyona ne6ala isimu6uza ukuthi ukwenze kanjani konke lokuna naye usezocaza ukuthi kungani omunye a6ulawe. Ama6utho ayadedelana esi6ayeni. Kuyakuthi uma izinduna seziqedile ukukhuluma 6ese kusukuma ngama6utho a6o la6o a 6ahla6ene.

19. Se6enza iziga zaku6o ngisho zama6utho a6o. Kuyakuthi na6anye 6asukume kanjalo. Uma 6esho 6elinganisa kulapho 6aye 6atho lekhona ukuqanjwa izi6ongo. Uma umuntu elibimbi nezi6ongo zakhe ziya6u hasha u6ubimbi lo6o. Umanjalo eligagu nezi6ongo ziya6uthi-nta u6ugagu lo6o kuya kuthi uma i6utho elithile li6uyanezinkomo eziningi inkosi isizolixoshisa lelo 6utho. Uma ithanda kuthi la6a a6ahla6ene 6anikwe zi6emngi kuna 6anye. Yingako amaqhawe ayenezi nkomo eziningi futhi ena6afazi a6aningi uma phela umuntu enezinkomo wayethola amakhosi-kazi amaningi aziwe futhi ukuthi u6ani uwumnumzane. Use zohlonishwa yena kunamanye amadoda.

20. Kuyakuthi uma se6ehamba la6a a6ahla6ene se6ezishiya izihlangu za6o

/6ona................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

kuqala. Ungalwi na6azali 6akho.

24. Uma umtanakho engana unga sizakali ngomkwenyane. U6ize kuze kweqe. A6anye a6antu 6azi tika nga6anye a6antu. Omunye umuntu uthi angathola omunye kahle amudle amukhokho loze. Loku kuyamululaza umuntu, kumenze a6e umfokazane. Umuntu owumnumzane ophilayo akasizakali nga6anye a6antu. Uma udlala nga6anye a6antu nawe kungawe kusasa inxe6a lendoda alihlekwa muntu.

Uma ufika emzini wendoda kuhle ungene ngokuhlonipha emzini womnumzane. Uma uphethe izinduku ungangeni nazo emzini womnumzane. Izinduku zishiywa phandle komuzi, uma ufumanisa i6andla lama doda kuhle

25. uzihole izinduku, loko ukuhlonipha ukhuleke u6usu hlala phansi ngokuzotha. Kunga6i uwena othi ku6ona sani6ona yi6ona a6azoku6ingelela 6aku 6uze nempilo ukuthi unjani. Ungaqali ngokusondela ku6ona umele kude noma uhlalele kude ngo6a mhlawumbe 6akhuluma inda6a ongafanele uku6a u6izwe yi6ona, a6azothi kuwe sondela. Uma 6ephuza utshwala 6azoku6ambela. Ungakhulumi kakhulu uma uhambe izwe noma ufumaniswa a6antu 6ethetha icala ungayingeni inda6a ya6o kuhle uzithulele wena. Uma umnumzane exa6ene nomuzi wakhe ungayingeni wena. Noma 6efuna uphendule ungakhohlwa ukuthi eyomndeni ayingenwa khuhle uphendule u6uye neso noma u6ona. Uvumelane nomundeni wakhona. Umuzi wamadoda kawu6uswa ngoku-

26. fana uma u6izwa umuntu omdala usa6ele uthi "6a6a" uma kungo wesifazane uthi "mama". Njalo usa 6ole ngokuhlonipha a6antu a6adala. Uma eku6izela ukudla wamukele ngazozombili izandla u6onge. Noma ukudla ungakuthandi kuthathe ukudle kudwe hlule ukushiye. Uma udla nomuntu omdala kunawe ungamushiyele noma ngasewe suthi kuhle udle kancane kuze kusilele wena. Kuhle isitsha e6enidlela kuso usikhothe, wena ungomncane 6ese uyasigeza uma kudingeka. Isitsha kuhle usiqelise phakathi kwa 6antu usi6eke othandane. Uma umuntu omdala eku6izela utshwala uma uphuza uhlale phansi ngezinge ungaqoshami kumuntu omdala, u6onge.

27. Ningahlali ngokuncoka ekhaya ngo6a omunye uyezwela masishane kuhle nihlale ngokuhlala okuhle. Futhi ningadlali ngenduku ninodwa ngo6a nizolimazana 6ese ni6ekelana amagqu6u nilimazane nodwa ekhaya. Kuthi noma seniveleIwa izifo 6ese ni nukana nodwa ekhaya ni6ulale umuzi. Ningazivumeli izitha uku6a zingene ekhaya. A6antu 6onke 6esa 6e6ahle ekhaya kuthi muva 6aniphendukele se6eyazi inhlalo yomuzi. Uma kukhona a6antwana endlini ninga yixoxi inda6a no6akhiphe kuqala a6antwana kande

/nikhulume...............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

nikhulume. Uma nikhuluma udaба nilikhulume kumuntu omdala wasekhaya. Uma enikhuza umuntu omdala nilalele. Ninga бangi umusindo ekhaya loko kuбanga izifo.

28. Uma kuvela impi kuhle nele kelelane ningaбukelelani nodwa uma nixaбana nodwa kuhle nilamulane omuбi ekhaya nomsusa ekhaya. Uma kusuka umntwana omncane elwa no muntu omdala nomuбamba nonke ekhaya nihlangane ngaye nimshaye nonke ukuze angaphindi ukwenza leyonto. Uma kukhona isilima ekhaya kuhle sihlonishwe yiwo wonke umuntu. Kungaбikho umuntu odlala ngaso. Izintandana nizazise nonke ekhaya. Uma zifika lapha komunye umunzi wase khaya zingahlali kuwona, kuhle ziphiwe ukudla, uma intandane yonile iphathwe njengaбanye aбantwana, uma izingane zishaywa nizishaye zonke nayo kodwa yona intandane niyiphathekahle kakhulu kunaбanye.

29. Uma kufika umuntu eyisihambi kuhle nimuphathe kahle lowo muntu uma umuntu ehlwelwe kuhle nimulalise ukuze. Nani igama lenu alidumise kwaбanye aбantu. Ngoбa nani nisayohamba indlela endeбese niyadinga. Phela umuntu uduma ngoбuhle бakhe ezweni.

Uma umntanakho egana kuhle umusheshisele ngoбa phela, ukwephuza umntwana usuke naye ejahile, uma aбase muzini бekumbile okuncane kuhle umhambise ngoбa kusasa umntwana, uzokwala lapho uбubeke khona agane kwenye indawo бese kuбanga ukuxaбana ekhaya. Ukuxaбana yikona kuбanga ukufa emzini wakhile. Umntanako ungamuthembi kakhulu ngoбa umntwana ufana nenja.

30. Ungamuphikela ezintweni eziningi kanti uyazenza. Uma kuneddaбa oyikhulumayo ungayeki ukwenza uбufakazi ngoбa kusasa kuyicala uyawuhlupheka ungasenaye ufakazi wenkulumo yakho. Uma uloбolisa uze ungaбi wedwa kanti uбenaбanye aбangakusiza.

Uma uthathe into yomuntu kuhle uyithathe kahle nihleka uma umuntu ekucasukela ungayithathi into yakhe, ngoбa kuбanga ukuxaбana loku. Uma usuyiphindesela yise nisahlekisana ningaze nixaбane uбe yi khona uyisa kuyena lowo muntu. Futhi into yomuntu kuhle uyihambise iyinhle. Uma wathatha imbiza yakhe kuhle uyiphindisele kuyena iyinhle. Noma wena wayithatha iyimbi kuhle uyise kuyena iyinhle.

31. Ukuphatha kahle into yomuntu usuke nawe uzisiza udumisa igama lakho kuбantu ukuze nangomuso nawe бakusize. Uma uбoleka aбantu into usuke nawe uziбekela ukuze kuthi ngomuso nawe бa kukhumbule. Uma uncisha aбantu uyazilahle-kisela ngoбa kuyakuthi musukwana wahlupheka

/ungasizwa............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

ukuze nayo ikwazi nawe ukukusiza.

Icilo ni6olihlonipha ningalenzi mpela ekhaya ngo6a lidumaza umuzi noyihlo a6anizalayo uma kuganwa umfowenu engenankomo kuhle nisizane naye nihlangane niwumundeni nimusize kuloluda6a. Uma ningamusizanga noduma nonke ugo6u6i nonke kulowo muzi akanakuduma yedwa ngo6u6i.

36. Ukweshwama loku.

Umthetho wawo wonke amakhosi a6antu a6amnyama. Namhlanjena sizokhuluma ngo kweshwama kwenkosi yamaVilakazi uMphephetha. Yonke inkosi uma isizoshwama kwaku6ulawa umuntu. Kuthi uma ihlo6o selivuthwayo lingadliwa muntu uma inkosi ingake shwami. 6ekuthi na 6antshontshayo ummbila se6e6ulewe indlala, 6awafihle amahleza emigodini nakwezinye izindawo ukuze anga 6anwa. Loku kwakwenziwa a6antu ase6efile impela indlala ngo6a 6a6azi ukuthi uma6e6oniwe 6awukufa nakanjani. Noma umuntu esefa waye ngalokothi ahamba e6ala ayokha umbila inkosi engake "Shwami".

37. Ngezinsuku zakuqala kusa6usa 6ona oMphephetha umuntu wayengeke asho ukuthi loku okwami ngizilimele mina. Muhlaumbe athi lezizinkomo ezami ngizifuyele mina yonke into ekhona 6ekungeyenkosi kuphela. Kwakuthi ngenyanga ka Zi6andlela inkosi yase i6iza inyanga enkulu yesizwe uku6a izoyelapha. Kuthena uma ifika inyanga yalungisa amakhu6alo nezintelezi zokwe lapha inkosi. Na6antu 6aziswa ukuthi umkhosi wenkosi ususondele manjena kuhle 6azi lungiselele kwathi ngalolo suku inkosi yathi kuhle kuze wonke umuntu kungasali namunye. Ne6ala a6antu 6agcwala esi6ayeni akwasala namunye, kwasala izingane kuphela emakhaya kwakuye kuthi ama-
38. 6utho avumile ngezempilo izingu6o ahlome aphelele ku6e kuhle kuyakuthi uma efika ame ngamaviyo awo. Kuyakuthi uma inkosi isiqedile ukunci ndiswa nokuhlanza ku6e yikhona ikhuphukaya iphuma esigodlweni sayo iya esi6ayeni.

Ukuqinisa inkosi loku kweziwela ukuze izitha zayo inkosi ziyesa6e na6anye a6antu a6ayigqa6ele inkosi 6aze 6ayesa6e uma iqamuka. Phela a6antu a6amnyama 6athi isithunzi siyenziwa ngemithi. Phela amaVilakazi ayeyazisa imithi futhi kuthiwa 6a6e wufundile umuthi. Ngo6a 6awuthatha ekha6onina ka Mphephetha, kuma Lala. AmaLala esinye isizwe esiwaziyo umuthi.

39. Kwathi uku6a inkosi ziyiqede izinyanga zaphuma manjena zaya emfuleni na6antu 6azilandela izinyanga. Emfuleni lapha kusuke kuyogezwa.

/Umasekuбuywa.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

emfuleni kuyiwa esi6ayeni lapho nenkosi izongena ku6antu 6ayo isine impela. Kuthewa uMphephetha wayeligagu ekwazi ukusina, nase mlonyeni wayeligagu elikhulu impela emude enmcane emzimbeni emuhle futhi.

Kuthiwa uma esina uMphephetha u6e6ulahla phansi u6ukhosi 6akhe azenze sengathi uwumfokazane yena kanti akunjalo. Kuya kuthi ama6utho asenikwa inkunzi yenkomo noma zi6eningi uma a6antu 6e6aningi. Lenkunzi
40. i6ulawa ngezandla kuphela. kuyakuthi uma isiwile seyifile seyiya hlinzwa masishane. Uma isihlinziwe ama6utho asayaqela kuyona sekusala izinduna nezinyanga. Sekulethwa neyomuntu isi6engiwe. Ikhanda lalomuntu lifakwa endlini ka Makhopho. KumaVilakazi kwakufunwa umuntu wesinye isizwe kwaku nga6ulawa umuntu wasekhaya njengezinye izizwe ezi6a lala umuntu wasekhaya. Kuyakuthi uma isifikile lenyama yombili ihuqwe nge zinsizi zokuqimisa izinsizwa na6antu 6enkosi. Umlilo wona u6aswa ngozwathi ngo6a lezizinti zozwathi zinikwa induna enkulu ukuze izigcine induna yempi. Kwezelwa ukuze izitha zingatholi lutho ezinga-
41. 6ulala ngako inkosi. Nomswane wenkomo uyelashwa ukuze onganga ngawo alimale yena kanti yena u6ethi ulimaza inkosi kuyakuthi uma seyosiwe ama6utho asehlala ngeziga6a zawo. Kuyawuthathwa umbengo ngamu6ili unikwe wona ama6utho. Kuthathwa um6engo womuntu n nowenkunzi. Lenyama iya6a6a ihuqwe ngomuthi o6a6ayo. Laphoke nalowo uthola iqashana elincane eneliswe yiloko ngo6a a6antu 6aningi. Ama6utho lana awudumela uphezulu lom6engo akufuneki uku6a uwephansi. Kwakuthi ngakusasa ama6utho a6uye ahlangane khona komkhulu manjena aseyo hlanza yona lenyama.
42. Akufuneki ihlale eziswini. A6anye iya6aqulisa kodwa ngo kunikwa umuthi ozo6a hudisa nowokuhlanza 6ayikhiphe nezinsizi e6ihuqwa ngazo. Kuyekuthi uma ama6utho ehlanziswa ahlanzele ndawonye. Kuyakuthi angaqeda 6ese kwenziwa inkatha yomuzi wenkosi. Lenkatha yenziwa izinyanga ziyezithathe u6uhlanzo lo6uzi6uxu6e nomuthi ukuze ku6e yenkatha yomuzi wenkosi. Kwakuthathwa inyongo yomuntu o6ulewe neye nkunzi kuphuziswe yona inkosi. Kuyothi ngemuva kwaloku seku6ulawa izinkomo eziningi sekudliwa, kuyaye ku6e khona notshwala kuphuzwe, na6antu 6aja6ule 6alethe nezipho za6o enkosini 6ezo 6onga.

43. Ukhona kala kwezintombi kwa Ngwane nakwa Vilakazi

<u>kuma Phephetha zona kală:-</u>

Kwathi ngesikhathi ku6usa uMswazi ngo6a phela uyena inkosi eyayi hlasela kakhulu a6antu 6engenaso isikhathi, kwathi uku6a a6one i6utho lakhe ukuthi.........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

70. ngezinhloli ukuthi impi isisondele kuthena uku6a iqamuke yahlala phansi eyakwaZulu. Isidla inyama igwaza zona izinkomo zenkosi ezinge nge nanga emgedeni. Kuthena kusenjalo kwase kuqamuka inkomo yemsikazi enquhywe izimpondo phambili zombili zase ziboxwa igazi phambili sokuthi ngemva sekufakwa insizi ekugcineni kwezimpondo, lapha zimila khona. Kuthena kunjalo isifaka ikhanda phansi iqamuka impi ya kwaZulu. Kuthena kunjalo kwase kuqamuka impi yamaVilakazi ilandela leyonkomo kuthena kunjalo yase iya dumelana impi lena kodwa inkomo ayesa6onakali ukuthi ishonengapha. Kuthena uma isibekene impi kwase kuphuma imbongo kuqala

71. lena yama Vilakazi uGuda use 6onga inkosi yamaVilakazi uMphephetha:-

Laduma! Laduma! Mpephethi wenduku za6afo.
Ungena ngenhla oka Ngwane
Ugweje o6omvu onjenge ntolwane ngiyamesa6a.
Ovele kwa6angwa Ngwane.
UVezi ngiyamesa6e, uyesa6eka.
Uduma owaduma engafanele okatshwe ngezinde izinyawo.

Sekuqamuka eyakwa Zulu impi seku6onga imbongi ya yo uMagolwane:-

Uyeza na? usefikile,
Uvezi uNonyanda uMga6adeli!
Owaqa6adela inkundla yakwa
Bulawayo, neya Maphephetha,
Umbomboshi omnyama.

72. Useyiqatha uLukwazi usethi a6agalelane 6alwe, usethi esatsho njalo isimudumela eyakwa Vilakazi imbongo idumela eyakwa Zulu. Kuthena ngokudume lana yaze yaphindika 6ili lena eyakwa Vilakazi igwaza yona lena yakwa Zulu. Yavika eya kwaZulu. Ithena isuka yayayigwaza lena yakwa Vilakazi esiphangeni yayitwala ngawo umkhonto yayeyayi lahla ngemuva kwempi yakwa Zulu. Kuthena kunjalo yase iyadumelana impi. Kuthena uma idumelane yakhuhlana ngamaviyo kwase kuthi ekugcineni yase iyakhumika lena yakwa Zulu. Ithi ayingangathi yehlulwa eya kwaZulu. Yase iyayixosha.

73. Kuthena ukushona kwelanga yase iyama isiyakha isidla zona izinkomo ngo6a yayisilambile impela. Nalena yakwa Zulu ya6uye yahlangana. Kuthena ngakusasa kwafika uNdlela oyena nduna enkulu yempi yakwazulu. Kuthena kunjalo yase iyaphakwa impi kuthena uku6a iqamuke yase iya6onana okwesi6ili manjena. Lena eyakwa Vilakazi eholwa uLwandle umfoka

/Sha6angu...........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Shaбangu. Yayidumela kwakuбi impela yadudulwa lena yama Vilakazi yase iyakhumuka iyaбaleka eyakwa Zulu yase yakha umkhumbu lapho isidla izinkomo. Kuthena kusa ngakusasa wayeseye phaka kaбusha uLwandle, kwakune
74. бandla lenkosi elalisele ekhaya lase Ngwedo. Kuthena kusa kwakunezinkungu kungaбona kali lutho nayo impi yephuza ukuбonana. Kuthena iyoбonana lase lifudumele. Yadumelana isidumelana okwesithathu lapha kuthiwa xiyakhuhlana kwakuбi ngoбa neyakwa Zulu yayinamandla futhi uNdlela wayekwazi ukuyiphaka impi. Kuthe sekuбomvuphansi umfoka Shaбangu eseбa qedile aбantu esevuvuke ingalo kodwa waбona kala eyiloku enaбo impela, kwathi dukuduku yase iyakhumuka eyakwa Zulu. Kuthena kunjalo бase бeyixosha impela бaze бayiweza uPhongolo. Kwaбa ukuбuya kwaбo aбamaVilakazi.

75. Kuthiwa uDingana wathukuthela kakhulu akaбe esayekha ukuhlasela ama Vilakazi kwathi ukuбa iбuye lena yamaVilakazi. Kuthena uma бafike ekhaya wase uyagula uLwandle uбulawa uwona umkhono. Kwathi kunjalo kwase kuбizwa inyanga uNondlo wase uбulala inkomo. Kwase kuthiwa uLwandle kuhle agwaze inkomo azokwelashiwa ngayo. Useyigwaza ngesinxele ngoбa lona wangasokudla umkhono wawu uvuvukile wonke wesaбeka. Kwathi ukuбa a iyigwaze kwase kuthathwa igazi lakhe nelenkomo leyo seбencindiswa naбanye aбahlaбana.

76. Kuthena ukuбa бancinde sekushiswa umkhonto eseshiswa ngawo lowo mkhonto lapho ivuvukekhona. Seku thathwa negazi lamadoda awagwaza. Kuthena ukuбa imusize kanjalo inyanga wase uyasinda uLwandle. Kuthena ukuбa inkosi iбone ukuthi usesindile yasithi kuhle agiye kuqala iбone ukuthi usesindile. Kuthena uma esesina yezwakala inkosi imbongela:-

Dlala mgijimi ngezindlela
Awadla amadoda ngomhluбulo.
Isiguqa esidli esinye
Adle eziguqa zakwa Zulu
Wazithatha wemuka
Mbambo zamadoda iphelele
Mbambo zamadoda ephelele
Ndlala, eбulala nzulu.

77. Usesinda uLwandle. Kuthena uma iqede inkosi ukumuбongela yase iyeyamuбuza ukuthi uthi wamuqaqa yini umuntu owaqala ngaye uбugwazana. Phela uma uhlaбene kuswele kele ukuбa umuqaqe umuntu omuwise okokuqala.

/Uma ungamuqaqanga.......

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Uma ungamuqaqanga kuthiwa uye uphenduke uhlanya usephendula uLwandle ethi ye6o nkosi ngamuqaqa nowo kugcina ngamqaqa futhi. A6antu enginga6a qaqanga yila6a enga6agwaza phakathi. A6anye angi6azi ngo6a kwasekulele ucaca phansi. Kuthena muva yathi inkosi akahlale phansi. Kuthena, yase ithumela uku6a kulandwe izinkomo ehlane, ne6ala za6uya yase imunqumela amashumi amane ezinkomo..

78. <u>Ukukhalela ama6ele kwa Ngwane:-</u>

Kwakuthi uma unyaka umu6i uma unesihlava uma nezulu li6alele. Kuye kuphume izintombi zihambe zimemeza. Kuye kuthi izintombi zalezo zigodi lapho ama6ele angalungile khona zivumile kahle impela. Zihambe ziyokomkhulu 6esezi yahlatshelwa izinkomo. Kuye kuqalwe ngokuya ezinta6eni uma kuyiwa ezinta6eni kuthathwa amahlahla aluhlaza kakhulu amahlahla omusenge nenhlola mvula kuhanjwe zithi umazifika phezulu enta6eni ziwashise amahlahla lana zimemeza zithi, "Maye ngama6ele" Kuyakuthi ntambama zihla6e inkomo leyo idliwe ngokuhlonipha. Kuhlelwa

79. phansi uma kudliwa lenyama. Futhi zihlalakanye kanye. Lenyama iyosiwa ngawo umuthi oluhlaza. Kuye kuthi izokhelo zona zome ku6e okoku6asa okumanzi uma lenyama ziyidle zaze zayishiya iyashiswa nayo uma sezihamba. Zihlala izinsuku ezintathu ehlane. Na6adala 6ayazila namadoda awawa vakasheli amakhosikazi awo. Kuye kuze kwendlule wona lomkhosi kuqala. Uma kwenzekile kwendlula insizwa amantombazane elapho lensizwa iya6ulawa. Noma enjani 6ese nayo iyashiswa noma izintombi zelamele inyamazane nayo ziyayi shisa.

80. Uma futhi ku6ona kele insizwa ihambisana nentombi kuya6ulawa koku6ili. Kuye kusinde umuntu omdala noma ehamba nenkosikazi aku6i lutho. Kuzoshungiswa amaziko amathathu. Phela nezinkomo zaziphuma komkhulu zikwele nazo iintha6a izintombi. Kuthi nase kweluseni ziyeze lusela zona ngokwazo. Kuye kuhlnishwe impela. Izintombi zihamba ziphethe wona umkhonto wa6afowa6o. Ayiphume impi ngalezizinsuku kuthi wa usuku olumnyama lolo. Nezinkomo ziyazihla6ela zona. Phela naku6o a6esifazane kukhona amaqhawe namashinga. Insizwa nayo iziphephise ngoku6aleka uma zi6onakele.

81. Insizwa enye isize ngokuzi Vikela, ayivunyelwe ukugwaza yona. Uma ukuthi insizwa i6alekile yashiya intombi sezizoyishaya ngezinduku zemikhonto. Enye njalo isinde ihlale nazo kuze kuphele lezonsuku kande iqu6eke ibeke phambili lapho iyakhona. Uma izinkomo zisalile

/zizosiwa............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

zisosiwa khona komkhulu. Kuye kuthiwe izintombi zizi6ekele ingomuso. Izulu selizokuna mhlaumbe line musukwana ehambayo. Lona izulu lalina noma ka njani.

Noma uma ukudla kunesihlava izintombi zazihlangana ndawonye asezophuma ahambe angene khona emasimini amemeze ethi "Maye Ma6ele!" "Maye ma6ele!"

82. Uma ehamba eshonjalo ayahluthula emasimini, ahluthula ama6ele anesihlava azongena wonke amasimu enzasona leso. Kuyothi umase6e qedile ukuwahluthula 6ese ayoshiswa endaweni lapho kungekho khona amasimu. Kuya kuthi uma sekuqediwe loko 6ese umlotha lona uya6uthwa izinyanga sezelapha izulu nawo ama6ele. Muningi emunye umkhu6a owawe nziwa. Na6o a6adala 6a 6ephuma uma izulu li6alele. Kwakungagcini izintombi zodwa. Lezizinsuku, zazihlonishwa kakhulu. Nawo amakhosi ayalinisa ngokufukama uma izintombi noma a6adala 6ephume wona umkhosi wezulu.

83. <u>Um6ango wamaLala.</u>

Lom6ango walanyulwa uMphephetha. Kuthiwa inkosi yamaLala yayaziwa kodwa ungwane wayehula yase ikhonza kuyena waze wathatha kuyona futhi, umfazi. Lesisizwe akwaziwa umda6u waso ngo6a phela ezinye izizwe ziyaziwa ukuthi zaphuma phakathi ne Africa. Phela lezi ezinye ziyazalana. Kwathi uma zisuke lapho phakathine Africa zehlukane impela kakhulu. Manjena ama<u>Lala</u> wona afumaniswa kuleli. Kuthena ngokufika kuka Ngwane 6ahluphana nawo ama<u>Lala</u>. Kwaze kwenza ehlukana kakhulu impela ngo6a amanye afumaniswa phezuko <u>Tukela</u> amanye afumaniswa lapha ngeseLenge.

84. Kwathi uku6a uPhaka inkosi yamaZulu i6one ukuthi 6ayaphela a6antu 6akhe wase uyathumela ukuthi kuhle uMatshane umfowakwa Sithole asuke kwazulu eze lapha eLenge ngase Wesselsnek azoqeda amazimu. Ne6ala amazimu ayesa6aqeda a6antu 6enkosi. Kuthena uma uMatshane afinyelele kuleli lase Lenge wawafumanisa amanye amaLala. Nawo lama <u>Lala</u> kuthiwa ayesengama zimu. Kuso6ala ukuthi okwenza lamalala a6e amazimu iyona indlala. Kwathi ngomu6ango wawo lena kwelase Swazini uku6a inkosi iwulamule aseyemuka amanye amaLala kwelase Ndlalane lapho ayekhona.

85. Um6ango wawo usuka uku6a kufe u<u>Mbathele</u> inkosi yawo ezala u<u>Phonjwana.</u> Kuthiwa wayesemdala uMbathele manjena indodana yakhe enkulu yezwa ukuthi uyise ufuna ukuyixosha esikhuna eni sayo. Kungumkhu6a wamakhosi akuqala ukuthi uma esehlulwa uthando lwenkosikazi 6ese eshintsha umqondowawo. Nakumazulu kukhona loku yikhona kwaveza um6anga

/ku mbuyazi............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

ku Mbuyazi no Cetshwayo amadodana ka Mpande. Kwathi nakwa Ngwane kwa6anjalo uNgwane waxa6anisa uMphephetha no Dlamini okwenza 6ehlukana namaVilakazi asezimela ngoyawo inkosi. Nakuwona amaLala kwavela uM6ango. Kuthe uma amu6ulale uyise uPhonjwana wase uzingela umfowa6o

86. uLatha. Kwathi umndeni phakathi kwa maLala wase uda6uka ka6ili impela. Elinye iqembu lalandela uLatha elinye uPhonjwana. Kwendlula inkathi ende 6e6anga kwaza kwafika ezindle6eni zika Mphephetha. Ngalenkathi uMphephetha wayesehlukene na6akwa Ngwane a6akhu6o ngawo um6ango osushiwo kulenda6a. Kuthena uku6a awuzwe wase uyathumela khona ekha6onina ukuthi kuhle uphele. Amanye amaLala ayekhonze kuyena uMphephetha. Kodwa kwa6asengathi impi lena 6ayi6angile. Use thumela uMphephetha ethi kuhle 6eze kuyena la6o a6a6angayo. Kuthena uku6a 6afike kuyena

87. uMphephetha wase uya6ahla6isa. Phela mjongo yakhe waye funa ukuwahlanganisa amaLala nama Vilakazi. Phela uVilakazi uzalwa indodakazi yenkosi yama Lala. Kuthena amaLala avuma uku6a a6uswe indodana yenkosazane yenkosi yawo. Kwathi uPhonjwana akavuma. uMphephetha wase uyalwa no Phonjwana. Uselwa naye eseze emema wona amaNgwane uPhonjwane uku6a amusize. Ne6ala amaNgwane amusiza kakhulu uPhonjwana. Kuthiwa uyena impela uMphephetha owaphuma yona lena impi. Wathi kuma Vilakazi 6angashiyilutho ngo6a amaLala awavumanga umthetho wakhe, uku6a ngophansi

88. kwakhe. Kwathi nezingane namakhosikazi konke kwa6ulawa. Kuthena uku6a impi ihlangane lena kwaHlatikulu ya6a namandla impela impi yama Vilakazi yayigwaza yayiqedalena eyakwa Ngwane yehlulwa. Kwathi amaningi amaLala ayakuyena uMphephetha sanda isizwe sama Vilakazi kodwa amaningi amaLala a6ulawa. Kwathi uLatha ngoku6ona ukuthi amaLala aphelile no Phonjwana usefile wase uyemuka nempi eningi yawo amaLala. Kwathi impi isiphuma okwesi6ili iyokulwa noNgwane namanye amaLala yena wayehamba neyawo amaLala. Kwathi uku6a avume ukuthi uzo6a ngaphansi

89. komu6uso wamaVilakazi wanikwa isifunda esikhulu o6onjeni kuwona umu6uso wamaVilakazi. Kwathi uku6a kuzwakale ukuthi nansi impi yamaNgwane ka Dlamini isifikile wase uyayi phakanjalo uMphephetha. Phela wayeziphakela yena impiyake uMphephetha yayinga phakwa yizinduna njengamanye amakhosi lapho impi iyayiphakwe yizinduna. Yaphuma liyoshona ihlanga6ezana nalena yakwa Dlamini. Kwathi e6usuku a6uthana wodwa amaLala. Kwathi nalana angakuDlamini ahlangana noLatha athi kungcono a6uswe uyena ngo6a useshonile uPhonjwana. Kuthena impi isavivelela amaLala

/awasa6o................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

awasaбo nakali empini yakwa Dlamini wakwa Ngwane.

90. Kuthena, laбa бakwa Dlamini бacamanga ukuthi asemukile aphindela ngakuyena uMphephetha. Uma isilwa impi kwafumaniseka ukuthi impi ka Latha ayisaбonwa. Naye uMphephetha usezwe ngaбamuбona uLatha emuka. Kuthena nomuzi wakhe бawufumanisa usungasekho. Kuthena uma uMphephetha eselandela amasondo amaLala wase uvinjelwa uzulu endleni ukumfumanisa. Kuthiwa wahamba ngendlela eqonde eHloбane waze waye wawela umzingwathi. Kuthiwa waбuye waphikelela phambili waye wawela uTukela. Kuthena ngokuliwela wase uyakha emaNyiseni.

91. Kwathi ukuбa aluwele uTukela waбona ukuthi usephumelele ezimpini zakwa zulu. Nangempela amazulu amuntu osewele umzinyathi no Tukela ayemuyeka angalandelwa. Nazinye iziziwe zazisindaka njalo.

Ukumuka kuka Latha kwathi ukuбa ahlangane amaLala ayecela yena u kuбa awaбuse. Ngokuбona ukuthi impumelelo kayikho ayeseбona lona isu lokuбaleka. Usethumela kuwona umuzi wakhe ukuthi kuhle kuбoshwe kumukwe. Wase eбalayela ukuthi бayo hlangana enhla nomkota nganeno kwase Dumbe. Umuntu owalanda umuzi ka Latha. UDuka oyena waye yinduna

92. enkulu kungaka veli umбango kuma Lala. Nempela wahamba ngenye indlela nempi yahamba naye uLatha. Yathatha izinkomo eziningi emuzini ka Mphephetha. Kodwa amaLala awahambanga wonke asala amanye. Kuthena ukuбa impi lena yakwa Ngwane yehlulane ayehlule futhi uMphephetha wase ulandela uLatha efuna izinkomo zakhe. Phoke akamange asamfumana. uLatha uyaziwa kuleli lase maNyiseni nanamhlanjena.

Ama Lala akuбona aбantu aбaбekwazi ukulwa into ayefundile ukuseбenzisa umuthi. Kuthena umakufike amaCunu kwaбaukuphela kwawo amaLala. kuleli lase maCunwini.

93. Kuthena ukuбa kuwele noNdaбula wakwa Dumakude aбaleke kwaZulu, wafumanisa amaLala. Ngokuбona ukuthi akanaбantu wase uyemuka eduze kwawo waye wakha eTshekane yena. Kuthe uma uZulu ethi uyamulandela wagcina khona oTukela akazawela. Yenake usaka umuzi wakhe. Kuthena ukuбa amaCumu awele mawo, wo nake emukanjalo aye afinyelela ondini kusaбusa uMacingwane. Kwathi uDladla omunye umnumzane owalandela amaCunu esuswa yizona izimpi zakwa zulu wase usukhonza kuwona amaLala. Kuthena ukuбa uMacingwane afe wase uthathwa indodana yakhe umбuso wamaCunu.

94. Yase iyaбuya. Kuthena uma isiбuya kwase kuvela umuбango omuningi kuбantu aбakhele amaLala. Kwathi uPhakade ukuбa adudulwe amaThembu

/phezu ko..............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

phezu ko Tukela wase uyemuka waye wakha emhlangane. Kuthena ngokuzwa loku ayesemhlanga6eza amaDumakude eseyokhonza kuyena uPhakade. Kuthena uma uDladla awezwe naye ukuthi nanka amaCunu asefikile wase uyawa lahla amaLala. Kuthena kunjalo inkosi yase macunwini yase ithumela izwi kuyena uLatha ukuthi kuhle, 6ahlangane ngo6a naku yena usephelelwe a6antu a6engaphansi kwamaCunu. Kuthiwa awavumanga amaLala. Kwathi ngo6a
95. amaLala ayenezinkomo ezinhle aye6alekenazo khona kwa Vilakazi ezinye azithatha kwa Ngwane kuDlamini. Manjena wa thumela izinkomo ukuyocela intombi ku Macunu ethi wenza u6uhlo6o amaCunu akhuza umhlola ukuthi umntwana wawo angegane isilwane. Kodwa izinkomo azihawukela ngo6a wona amaCunu ayengenazo izinkomo. Wasethumela impi uPhakade ukuyozidla izinkomo lezi. Ne6ala yahamba impi yaye yazidlazonke izinkomo zika Latha. Kuthena uma akhiphe eyakhe impi uLatha yadumelana ezintandameni ukuyangase mhlangane lapho yehlulwa khona lena yama Lala. Yayixosha yayiweza iMpofana.

96. Kwathi uku6a awuzwe loko mbiko ukuthi impi yakhe yehlulwe wase u6iza i6utho lakhe wathi ufuna ukuyo likhombisa ukulwa. Kuthiwa lamulandela i6utho lake. Kuthiwa waqonda emufuleni iMpofana. Kuthewa yeyihlomile inkosi yamaLala. Kwakungathi iyokulwa impi enkulu impela. Kwathi uma ifike lapho sekukhona isikebe manjena ku (Moi River) yase igijima ngamaju6ane yaye yaziphusa esizi6eni. Kuthiwa lethuka i6utho laqale lama alaze layilandela inkosi lena. Kuthena muva 6aziphonsa a6antu 6elandela yona inkosi ya6o. Kwathi uma iningi seliziphonsile yakhuza indodana kaLatha.

97. Indodana ka Latha kwakuwu Ngotshana. Usethi uNgotshana musani ukwenza u6ugwala nifele emfuleni nonke. Kuhle siphindele khona kuwona amaCunu sifele ezandleni zawo. Kwa6anjalo kuthena uma uNgotshana ame ngaphesheya ngaso Thuli lini lwezulu yase iyamuvimbezela. Kwathi esacamanga amasu okudumela wona amaCunu. Kwathi izinhloli zamaCunu zamu6ona ukuthi ungeniselapha zase zi6ikela yona inkosi. Kuthiwa yamuyela khona e6usuku kuthiwa yaphuma amaqembu ama6ili enyeyaya ekhaya emuzini wakhe enye yaya kuyena lapho ekhona yase iyamu6ulala nomuzi wakhe yawu-
98. shisa impi yamaCunu. Kuthiwa nezingane zamaLala za6ulawa inkosi yamaCunu. AmaLala lana sengathi la6a 6akwa Dumakude 6aze kelana nawo ngo6a inzalo ya6o ifana nawo amaLala. Nayo i6omvana nakuphela 6a 6akhe lene nawo mhlambe kunjalo. Kwa6a ukuphela kwawo amaLala kulezi laso Tukela.

/Amanye................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Amanye ayese6alo ka ngamanye ngamanye aliqeda izwe. Amanye amaLala a6ulawa uMatshano kuleli lase Lenge. Amanye aqonda kula6a 6akwa Zondi kwelase Ngome. Nanamhlanjena ahambe efumaniswa ngamanye. Nakuwona amaNgwane aphela wonke awase nasizwe asehabe ela nyelwa njena ngezindawo.

99. Ukukhala kwa maVilakazi.

Musukwane uphela u6uso wama Vilakazi akhala isililo esekhulu njengo6a na6akwa Kunene 6akhala isililo esikhulu mhlazane umu6uso wa6o uphela. Kuthena uma amaLala emuke kwavela esikhulu isililo kuwona ama Vilakazi ka Mphephetha. Kwamugulisa uMphephetha. Kuthiwa akamange esaphila kade washesha wase uyafa. Nemimpi zakwazulu zahlasela njalo kwa Vilakazi. Nasike isililo esakhalwa amaVilakazi.

Khala nkomo yama phephetha,
Khala ungasoze waphumula,
Washo wazinwe6a Mpephetha.
Ngeqholo lomce6o wenkomo;
Khala nkomo yama Phephetha..
Kwena6a ukuhluphoka,
Ngendumalo yaxega koziphosamlomo;
100. Ngoku6ulawa kwezwe ingqala,
Ngenkomo ka Ngwane;
Engasoze yaya ndawo.
Kuse sa6ulawa, sa6ulawa,
Nge6ika lokuthi sinodumo,
uNgwane wasikhonkotha,
uMphephetha wafela phakathi,
Amandla aphelela ezandleni;
Ngenkomo yakwa Vilakazi,
Khala nkomo yakwa Ngwane.
Nanka ama6utho ephela,
Ayovukana? mini na?
Sa6ulawa u6uthaphuthaphu,
Senzeni thina sodwa na?
Zawa zadunuselana izinsizwa.
Khala nkomo yakwa Ngwane,
Amadoda athwala imkhonto.
Omano 6akhala isililo isinga pheliyo,

/Ngomkhonto........

Ngomkhonto wakwa Zulu,
Senzeni thina sodwa na?
Khala wena wase Ngwendo.
Wamu6ongela nawe wa se Ngovuma
101. Sakhala kwa Mphephetha,
Sakhala kwesa6eka,
Za6e ziwa omame 6amangala,
Za6eziwa komfo ka Zulu.
Maye! Maye! Senzeni na?
Izinduna zabaca ezihosheni,
Amakhosi awasa6onwa.
Asikhumbule ekhaya Ngwane.
Kuya6uswa kwelakuthi,
Kwelakuthi kwa Ngwane.
Khala nkomo yamaVilakazi.
Senzeni thina sodwana?
Ngesililo asibeke ekhaya.
Khala nkomo ka Mphephetha
Ungasoze wenzalutho.
~~Kungalesisikhathi ku6usa~~

~~Ku~~
Kungalesisikhathi ku6usa yena uNdlamhla6a. AmaVilakazi ayesephelelwa amandla ngenda6a yezimpi za kwaZulu azase zingapheli. Kwazisa ukuthi amaZulu ayeseyifundile imigede yamaVilakazi.

102. Uphawu.

Kungumkhu6a wa6a 6antu endulo 6engakazwa a6amhlophe ekuthi 6ayofika yini kuleli lakethi. Umuntu u6ethi ngoku6ona ukuthi impahla yakhe iyamucumela a6ese uhla6a lona uphawu ukuze ingaduke neminye imihlambi ya6antu. Uma i6ona ukuthi muhlawumbe izinto ziyafana umuntu wayeyi6ekisa eyakhe nomunye naye ayi6ekise eyakhe ukuze ingalahleki idukelane neya6anye. Yonke into iya6ekiswa ukuze ingaduki nomuntu unegama nomuzi wakhe negama lalowo muzi wakhe umuntu wonke.

103. Uphawu lolu lushaywa endle6eni, kuzilwane ezingenayo indle6e njenge nkukhu lu6ekwa onyaweni. Uphawu leziwa ezilwaneni ezinjenge zinja amakhashi, izinkomo, izimbuzi, izimvu, izinja nokunye okunjalo. Nalowo muntu unolwakhe uphawu mhlambe ola6anye luyafana uma 6eqelelene

/6engazeni............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

6engazani kodwa a6antu a6akhelene a6alwenzi uphawu lwa6o lufane. Kuye kuthi uma izimpahla zisencane 6esezishaywa lona uphawu ukuze zinga6uzwa u6uhlungu o6uningi. Kunjenga ku6antu uma kuhlahluwa izingane zenziwa zisencane izingane.

104. Noma kuwumthetho wa6antu, amakhosi ayenga wuthandi lomthetho kakhulu wona amakhosi akuqala ayengakuvumi impela loku. Ayethi kuhle izinto zaziwe ngomu6ala wazo. Kwenzeka ukuthi amaPhephetha a6anom6ango nezinkomo zawo ngo6a phela zaziwa misile uku6uyiswa ndawonye emgedeni ngezikhathi zempi. Kuthi umaseziphuma ku6e nokuxa6ana kumadoda. Kwaze kwathi inkosi yathi kuhle zishaywe lona uphawu izimpahla lezi ne6ala kwenziwa. Kuthe muva zonke izizwe zalu6ona usizo lophawu nje-

105. ngo6a selwanda njena. Manamhlanjena uma kukhona u6ango kuye kuze lona uphawu, na6amhlophe 6aye 6alamule ngalo. Uma inkonyane yenkomo ivamisa ukukhala njalo yayi sikwalona uphawu. Kwathi ingasikwa izindle6e kwethenjwe ukuthi ayinakukhala njalo. Nenja uma iphethwe usekela yayisikwa lona uphawu. Kwa kuthathwa izingamu ezisikwe endle6eni zithathwe ziyombelwa endleleni uku6a zeqiwe a6antu a6anye 6azi nyathela. Kuyakuthi inkonyane inga6e isakhala, kuthi inja yona kuphele ukufakwayo. Kuningi okwakwelashwa ngezinyawo za6antu. Nezingane uma zinamehlo zelashwa ngako ukuthatha igazi eliphuma ezindle6eni liyombelwa

106. endleleni kuthi azophola amehlo. Nakwa Ngwane izindle6e zezilwane zazisikwa kwenzelwe uku6a izimpahla zithambe zi6uye zize ekhaya noma kade zidukile ziyikhumbule indlela yasekhaya. Zazithi zingasikwa indle6e 6ese imbelwa esi6ayeni. Yayimbelwa emunyango wesi6aya. Ukuze inkomo nomayini i6uye ize ekhaya. Uma izinkomo zifika zevela komunye umuzi zisikwe zonke lezonkomo izindle6e zimbelwe emunyango ukuze zejwayele. A6aningi indle6e 6a 6eyisikela loko 6a6engayi sikeli uphawu. Kwavezwa amaVilakazi ukuthi impahla i6ekiswa ngendle6e. Nezinye izizwe seziyakwenza.

107. Kuthena nalapha uVilakazi uku6a a6one ukuthi impahla isiningi, wase ucamanga lona isulophawu uMphephetha. Lenkosi yamaVilakazi yayi6athanda a6antwana 6ayo. Manjena yase i6iza amadoda uku6a azo6ona uma ya6ela amadodana ayo izimpahla. Kodwa umutwana oyinkosana akasikelwa yena uphawu kuye kusikelwe a6ancane kunaye yenaphela lonke ifaleli elakhe. Namhlanje ufumanisa ukuthi a6antu 6onke 6ayawenza lomthotho wokusikela a6antwana izimpahla.

/Uma ukuthi

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Uma ukuthi indoda ethile ifa muhlawumbe inga6asikele a6antwana kuye ku6e umse6enzi wenkosana uku6alo6olela a6antwana. Umnumzane lona
108. uma esikhela izingane uphawu usuke elamula um6ango ekhaya. Kuyaziwa ukuthi izinkomo zenkosana yilezi ezi6izwa ngomunumzane. Uma kungenjalo a6antwana 6ayamu6angisa lona omdala. Uphawu luze lwenziwe nangamantombazane. Kuyekuthi uma kunamantombazane umnumzane awashayele uphawu, kuthi na6afana 6ashayelwe uphawu kuzona izinkomo zamantombazane. Kuyofakaza i6andla ukuthi lelifa lanikwa u6ani. Nawo amantombazane ayazi ukuthi elami ifa liyodliwa u6ani. Akukho umuntu ongadla ifa lomunye. Yingakho imizi yamadoda yayi phila kahle.

109. Izi6ongo uMoya woMshazo.

~~Ngi6onexkuthambekexilanga~~

Ngi6one kuthambeke ilanga
Nga6ona lithambekele eNyakatho
Lithambeka kudlula unhla6a
Kwathambeka izikhetha zezinkomo
Ngokufinyela lomswakame emhla6athini.
Kufinyele omame kwafinyela o6a6a.
Kwafinyela insizwa kwafinyela
Intombi, ngentsholololo geguma.
Ingena ukuthatha kokusa
Ngomnyelele umoya womshazo.
Wa6uzeka udlundu ku6a6a
Wa6u6uzeka umpisimpisi kumame
Mina ngakhala isililo somdlwane.
Ngonswinswinsana owayesemzimbeni
Ngomyelele umoya womshazo.
Yemuka phela lishinga
Eyakho inkondlo uyisimile
Yemuka ngwele ezingqweleni
Ngokuncunza kumame nakwesinedolo
Ngokuncunza ko Mkha6a.
110. Yemuka phela Ngqweledlu6edu
Ngokuncinza a6antu nezithelo
Nangokuncinza izilwane nokudla
Yemuka uyo6ancinza enyakatho
Thina semukela ihlo6o.

/Izi6ongo...........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



Izi6ongo zemifula.

Yethwasa ncwa6a ngizi6uke
yethwasa hlo6o nguzinwe6e
a6athu a6anye 6ezinwe6a
6azinwe6a ngemizimba
Mina ngi6e ngizinwe6a ngomzemba
Nganda namawu6a nemimango.
Izulu lindindizele ngenama
Landindizela ngathi ngi6onwa yini
Ngenanela ngo6a ngizosutha
Isisu sami e6esilukhophelece
Nganda namawu6a nezinta6a.
Liyifaka imvula izulu ngenama
Layifaka qede ngakhamisa
Ngakhamisa ye6o inxazonke
a6afowethu a6ancane 6angithelela
Nganda namawu6a nezinta6a.
Amagquma angi6uza ngedlula
111. Athi: uHla6elela nje uqondephi
Izigodi zayilalela ingoma
Ngisho ngesidumo, ngebeke olwandle
Nganda namawu6a nemimango.
Ngithe ukusutha ngadlalisela
Izilwane zomhla6a zangikhothamela
Kwaphela amazi6uko kwaphela
Kwaze kwaphela amagange
Ngo6a ngingenakuwelwa lutho
Nganda namawu6a nemimango.
Ngasho ngafuduli itshe nogodo
Ngasho ngafuduli indoda nesilwane
Ngo6a ngingenakuwelwa lutho.
Nganda namawu6a nemimango.
Ngasho ngafuduli tshe nogodo
Ngasho ngafunduli indoda nesilwane
Ngo6a ngengedelelwe ngisuthi
Ngasho ngihamba ngikhafula

/Nganda................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Nganda namawu6a nezinta6a.
Ngimuhle ngingenala i6ala
Ngimuhle sengondla a6antu nezilwane
Ngimu6i sengemukisa
Ngemukisa ngingakhethi,
112. Nokho jekelele ngiyakhothanyelwa
Nganda namawu6a nezinkalo.
6athi ngingumfazi ophemayo
Ngokuphana, ngamathumbu ami,
Ngingakhethi inkosi nandlovu
Yonke impilo icelwa kimi
Nganda nama6i6e nemimango.
Ngesokusa ngi6ingelelwa ngumame
Ngenhlazane nga6engelelwa nguye
Ntambama wangi6ingelela
Wangi6engelela ngavuma.
Njalo ngo6a nginguvumazonke.
Nganda namawu6a nemimango.
Ngokomosa kwezulu
Lomisa 6angiqhwe6a 6onke
Ye6o 6angiqhwe6ela emlimeleni
6ethi, "Khafulela."
6ethi, "neno modli"
Modluvezintandane zonke.
Ngavuma ngo6a nginguvuma
Ngivumazonke mina
Nganda namawa6a wonke
Nganda nemimango yonke.

113. <u>Izi6ongo zesekhumba.</u>

Ngangikumame ngithokomele
Ngangidla amanoni ngefudumele
Ngangithi kayikho indoda enje
Ngami, ngo6a ngidla amanzinegazi,
Kanti kangi6uzanga elangeni.
Langa limbi umame wa6ulawa

/Laphi............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21


Laphi inkwantshu yangifikela
Lapho ngixexe6ulwa kumame
Ngagununundwa umsila
Ngagununundwa nezihlakala
Ngase ngithula ngilalele isigcino.
Lapho ngathathwa ngachaywa
Phezu kwami ilanga, laziteka
Phezu kwami umoya wazitika
Ngathukuthela ngalugogo
Kanti kangi 6uzanga ilangeni.
Ngahlanganiswa na6anye,
A6anye a6afowethu,
Sa6ali6utho linye lezingogo
Sa6uzana izinda6a nezindatshana
Sa6a6aza imihlolo nemihlodlwana
114. Sengaqondi lapho siyakhona.
Sehla senyuka izinkalo
Sehla ngezinqola.
Sehla ngezitimela
Sethulwa emizini esingayazi
Amadoda athile asihlanzinya
Sagogoza ngamaphimbo ezihambi.
Kwathi siya, hamba siya
Siyahamba siya ku6a phali
6asi6eka esilingameweni
6asi6eka 6amomotheka
Ngo6a siyizinsizwa
Izinsizwa eziqatha
Kanti kulapha sesizothengiswa
Sisa6a6aza 6ahleka,
6ahleka 6asifaka emanzini
Sesithambile kwasuka uthuli
Safakwa emanzini,
Safakwa nanguyana esifaka,
Usifaka emanzaneni.
Amadoda anqakisana ngathi



Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



Sacushe imishini nemibobo
Singaqondi lapho siya khona.

115. Kwasuka izi6oya,
Kwa6uye kwasuka amajwa6a.
Lapho saphuma,
Saphuma sesiyizincwathule
6ayasi shaya, 6esishaya
Sabukuda ezitafutafini zamanzi
Imishimi yakhala
Yakhala ungokhalo
Simfonyozwa sehla senyuka.
Saphuma sesinga6anye a6antu
Sehlukwaniswa nga6anye,
Sayakha imizi yethu.
Nayilowo wakhe eyakhe.
Kuthena kunjalo sathola
Sathola umse6enzi,
Asa6e sisaphumula.
A6anye 6ethu 6a6ambisana
A6anye 6ahamba nga6anye
Ku6uhlungu ukutholwa
Swatholwa asephumuli
Asi6uyelwa lutho ngokusiza.
Asazi ukuthi so6uyelanina
Ku6uhlungu ukutholwa.

116. Izi6ongo zesitimela.

Ngi6ona intambo yezinqola
Sengathi ukuhamba kwesongololo
Nga6uka ngakhexa ngi6a6aza
Ngi6a6aza indlu ezinezinyawo
Kanti nguwe Maphekethululu.
E6usuku u6onwa untweza
Wa6onwa untweza uhla6elela
Usho ngephimbo lengoma
Kanti nguwe maphekethulula.
Ngithe ukubeka nga6ona ukhafula.

/Ukhafula.........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21 33

Ukhafula intuthu emhlophe
Ukhafula njengendoda e6a6azayo
Uya6a6aza kwenzenjani?
Uyaphi nondindwa?
Uzulisa amadoda nemizi
Wazulisa omame.
Hlala phansi nondindwa.
Wena iqhutshwa yikhoza lakho
Intuthu i6eke phezulu ezulwini.
Mapheka ethulula uyaphi nondidwa

117. Uthatha ikhehla wathatha insizwa
Uthatha umame wathatha udade
Wa6ika ukuhlupheka.
Ngemimango wehla wenyuka
Izikhulu nontukazana lwa6onga
Enhla nezwe 6akuvumele
Enzansi nezwe 6akuvumele
Ulanda a6asenhla 6avuma
Walanda a6asenzansi 6avuma
Nondindwa awuphumuli ngani?
Nondindwa awudinwa yini ne?
Mfazi ogqogqoyisayo
Lapho 6onke 6a 6a6azawena.
Waphelekezela, mphelekezeli wezwe
Wa6akhapha ngezintu6a za6o.
Waye wa6alahla kononina.
Lapho 6onke 6e 6a6azawena.
Wa6aphelekezela mphelekezezi
Hamba nondindwa,
Waphelekezela izingane
Waphelekezela othisha 6azo
U6asaphi nondindwa?
Nondindwa 6akweze 6onke.

118. <u>Ukuphicaphicana.</u>

Ukuphicaphicana omunye umse6enzi wa6antu wokudlalisa izingane:-

1 Intombi

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

1. Intombi eshada ngezingu6o ezimhlophe nesigqoko esi6omvu ethi nxa ise6enza emzini wayo igqingeqeke e6emfushane ize ife; ingcwa6alayo lingá6onwanga.

2. Isitimela esecusha amasango amaningi, kuthi nxa kuwa ugadi 6eziyama.

3. Umuntu ohlala endlini emhlophe engenantu6a ndawo yokungena umuntu kodwa amasela ayabodloza ame6e. Naye nxa ethanda ukuphuma kayaziphumela kahle.

4. Ihlashi elingagitshelwa ngaphandle kwesihlalo.

5. Izinsizwa ezigiya zeqana zelandelana.

119. 6. A6antu a6athathu a6eleke nyene, ongaphezulu uyaphefumula, ophakathi akaphefumuli, kodwa ongaphansi uyaphefumula.

7. Amakhosikazi ama6ili axosha amantombazane ama6ili. Amantombazana namakhosikazi lana ahamba eshaya ihlombe. Lapho emakhona amantombazana ayama namakhosikazi, i6anga lokuqhelelana liyafana njalo kakuficwana.

8. Insizwa eyodwa eyilisoka, e6ukwa yizwe lonke.

9. Izinkomo eziluka e6usuku kuthi ukuthatha kokusa zinyamalale enkangala.

10. Inkomo ezaciswa ukuphuza amanzi.

11. Umuntu ophuza igazilakhe lethi lingaphela 6ese uyafa.

120. 12. Umuntu owakha indlu yakhe phezu kwesizi6a kodwa angaweli phakathi kuso.

13. Amawele ama6ili agijima alandelane, kodwa kawaficani. Kuthi nxa eficanayo kufe uyise.

14. Into yami okuthi nxa ngiyi phungulayo yande.

15. Umuntu ose6enza nxa esuthi, othi angalamba akheneke amadolo.

16. A6antu a6agiya 6a6uye phezu kwewa.

17. Umntwana ongqu6uka ngekhanda eweni, akhwehlele., kushe ikhanda kuze kushe nomzimba.

18. Insizwa egcogcomayo, esuka lapha ihlale laphaya, 6ese ihlikihla izandla nebeshulayo.

19. Umuntu ongena esizi6eni uya6uya ma6uya usethwele ukudla.

121. 20. Amasotsha amahlanu aphethe isibamu esisodwa lamasotsha aqala ngokubukudisa isibamu sawo esizi6eni esimnyama, 6ese eyodu6ula okhalweni olumhlophe.

21. Inkomo e6omvu e6iyelwe ngothango olumhlpphe.

22. Izimbambo zezwe.

/23. Imbuzi...........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

23. Imbuzi ehlatshwa yendoda engaziwa i6anjwe ngamadoda ama6ili; 6ese ihlahlelwa ngamadoda angamashumi amathathu nambili, kodwa u6umuandi 6anyama 6uziwa indoda eyodwa.

24. Isiqhwaga isingaphathi izikhali kodwa sehlula 6onke a6antu.

25. Umuntu eseloku amamhla ezalwayo, Lomuntu uzala a6antwana emi.

122. Imfuyo nokumiselwa kwayo.

Izinkomo nezinye izilwane, izinjengenkomo yizona zaziwa kakhulu ukuthi zehlisela imhlola kumunumzane ekhaya, uma kukuzwakala inja ikhonkotha kuthiwa inomhlola inja leyo kukhona okuzovela ekhaya ngaleyo nda6a. A6antu impahla 6a6eyithanda kakhulu kunazozonke izinto. Kwakufunwa namasa okumisela yona impahla. Umuntu uma e6ona imfuyo yakhe wayaye ahleke yedwa ngo6a unako konke ekhaya. Na6antwana a6anakulamba ekhaya noma esehambile a6antwana 6a6esizakhala ngayo impahla kayise. Imali lena yayi ngaziwa imali kwakuyona inkomo lena kwaZulu nakwa Ngwane nakuyona amaVilakazi nakwezinye izizwe za6amunyama.

123. Into njena eyayimbi ukuthi uma a6antu 6ekuzonda se6ekuqambela amanga 6athi mhlawumbe uyathakatha mhlowumbe uno6u6i o6uthile o6ungenza inkosi iku6ulale masishane. Kodwa into eyayivama ukuvelela a6anumzane ukuthi 6ayathakatha. Kuzoqalwa ngokudliwa izinkomo zakhe kuthi muva 6ese uya6ulawa yena nomuzi wakhe wonke ngisho na6antwana 6a6e6ulawa. Umfokazane yena wayenganakwa ngisho nakancane. Wayengaziwa nokuthi uwu6ani, umnumzane wayehlonishwa kakhulu noma eza emuzini wayaye alungiselwe indawo. Umakunotshwala usezohlonishwa ngalo ukhamba aphuze ngo6a nalowo omunikayo uyazi, uyazi 6ekela.

124. Izinkomo lezi amadoda ayaye azithole kunzima ngo6a ayezithola ngokuhla6ana. Uma indoda iligwala yayingazitholi izinkomo. Nanamhlanjena izinkomo zitholwa kanzima umuntu uyazithenga. Amadoda kuphela nanamhlanjena anazo izinkomo umfokazane akanalutho nanamhlanjena. A6anumzane 6a6ezisiza ngokuthatha izinka6i 6ayozethula emakhosini. Lowo munumzane owayenzanjalo wayethandwa yena kunamanye amadoda nanamhlanjena umuntu ozikhonzelayo akafani nomuntu ongazikhonzeli. Uyaziwa umuntu ozincekisile kwa6a khulu. Ingwe idla ngama6ala. Uma umuntu enga6anaki a6akhulu 6akhe na6o a6ananda6a naye.

125. Kwakuwumkhu6a omkhulu ukuthi umnumzane avuke ekuseni kuse mpondozamuthini aye esi6ayeni. U6ethi uma eya esi6ayeni ahambe engakaqoki embathe ingu6o yakhe ku6e kuphela, ingu6o yokulala yodwa. Usezozi6uka

/izinkomo.........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

izinkomo zakhe zilele phansi zihlwa6ula noma zetshisa inhliziyo yakhe isizo6a yinhle impela. Kuzakuthi uma izinkomo ziqala ukuvuka use-phindela endlini yikhona eseyobinca manjena usezogeza futhi. Loku ukwenza kuthiwa yikona okwenza izinkomo uku6azande. Kuyakuthi uma ese6uya sezikhishwa a6afana. Umnumzane waye ngagezi enga6uyi esi6a-yeni u6egeza e6uyakhona. 6ekuwusiko lolo olukhulu kwa6amnyama. Fu-
126. thi umnumzane wayesa6a kakhulu uku6a kuvuke izinkomo kuqala engakavuki yena, 6ekuyaye kuthiwe ziyamqonela yena uku6a asheshe nokufa kanti futhi angaphili kahle yena. Ukuvuka ekuseni kwenzelwa uku6a kuthi noma kuvela umswazi uphumele kuzona izinkomo unga6uyi ngomnumzane. Uma ukuthi umnumzane uyagula kwakuthathwa induku yomunumzane ekhishelwe phandle ikhishwe iyona inkosikazi enkulu yomnumzane. Kuyakuthi uma-sezi vukile izinkomo ihambe futhi yona inkosikazi iyise endlini. Kuthe uma iyi6eka ililalise eduze nomnumzane. Kuthiwa loku kwenzelwa ukuthi umhlola uphumele ezinkomeni.

127. 6ekuthi uma izinkomo zizala amankonyane azo avamise ukufa 6eziya 6otshozwa izindle6e kuthathwe isikhumba sembila sifakwe ezindle6eni zezinkomo lezo ezifelwa amankonyane uma ukuthi akwenziwanganjalo kutha-thwe umuthi wo kwelapha amakonyane. Uma kungenjalo kwelashwe omna 6amankonyane. Kwakufunwa umuntu okwaziyo ukwelapha zona izinkomo. Uma izinkomazi zizala amaduna odwa nazo 6ezelashwa lezonkomazi ukuze zizale wona amasikazi. Kuyinto enkulu kwangwane nakwa Zulu ukufuya izinkomo. Kuthiwa ne6ala 6ekwenzeka loku uma izimpahla zelashwa.

128. Uma izinkomo zimiselwa 6ekuyaye kuhlonishwe nasekhaya. 6ekuyaye kuthi amasi ngalezonsuku angadliwa ngezinkezo ezaziwa zidla amasinjalo, 6ekukhandwa ezinye izinhlo6o zezinkezo. 6ekuthathwa uselwa. Ngisho uselwa olumila emasimini kulungiswe ngalo izinkezo. Lezizinkezo zinde zona. Kuthi uma kudliwa kuhlalwephansi ngokuhlonipha. Umuntu u6enga-wadli amasi uma ethukuthele. 6ekufuneka uku6a umuntu ename uma ewadla. Uma ethukuthele kuthiwa wona umuthi wezinyanga. Uma a6antu 6akulowo muzi 6awuhloniphile umthetho izinkomo zazizala amankonyane ezinsikazi
129. wodwa. Kwakuthiwa futhi uma umuntu engazuhla6i izinkomo zakhe uyazi-6ulala. Kuthiwa umkhonto uyazandisa izinkomo. Indoda wama ukuhla6a izinkomo zayo ziyanda kakhulu loku umthetho ku6antu, 6ayakholwa futhi ukuthi izinkomo zandiswa ukuhla6a. Kufanele indoda icethe igazi emu-zini wayo ukuze na6aphansi ese6afa 6ayikhumbule. Kuhle indoda

/ekihla6ele.............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

ekihla6ele u6uso ekhaya. Kuthe na6asekhaya6athokoze ngayo. Indoda ehla6ayo kuthiwa umnumzane na6antu 6ayayihlonipha impela kakhulu leyondoda. Uma indoda ingalazi inxe6a lenkomo lapho linga khona amadoda awayihlonipha ifana nomfokazana.

130. Kuthiwa nawo amakhosikazi ayaye ayihla6e inkomo noma umnumzane engaqondile. 6ekusuka wona amakhosikazi ahlangane ndawonye enze utshwala use6a6one umnumzane utshwala se6ugcwele yonke imizi yakhe. Kuthiwa waye athi anga6ona 6ese iyawa inkomo. Phela inkomo yomunumzane yayingamane ihlatshelwe u6ala 6ungeko utshwala 6okwehlisa wona amaqatha enyama. Lowo mnumzane o6ephuza utshwala inyama angemayo 6ekuthiwa umfokazana lowo. Noma ahla6e ayidle yedwa inyama 6ekuthiwa uyaneishana. 6ekuphelela lezizinto zombili inyama notshwala umnumzane umuntu owaye-

131. phana. Uma inkomo izohlatshwa zazi6uyiswa uma ilanga selimathambama. Kwakukhethwa izinkomo eziyincosana zihambisane nayo inkomo lena. Kuyakuthi uma isiza amadoda asephuma endlini lapho i6andla kade liphuzela khona. Kuyakuthi imimese, nemigwe6e kukhanye ku6e mhlophe. Kuningi okwakuhlonishwa uma inkomo isizo6ulawa. Kwakuthulwa umsindo, 6ese umnumzane ephumela phandle ese6onga a6aku6o. Uma kuwumuntu oligagu kuthiwa kwaku6a kuhle impela. Kuza kuthi lona ozogwaza inkomo athathe umkhonto womunumzane ayigwaze 6ese uyawukhokha awuhudule phansi naye alale phansi ukuze inkomo ife.

132. Uma inkomo isihlizwa kwakuqasheliswa isikhumba uku6asingomiva, phela 6esiyaye sisike izihlangu isikhumba senkomo. Kuyakuthi uma inkomo isiphelile ukuhlinzwa ibotshozwe umuswane. Inyama yenkomo yayingasiwa emulonyeni uma ingaka botshozwa. Uma umuntu eyidlile kwakuthiwa u6angela uku6a umuzi wakhe izinda6a zawo zingapheli. Kuyakuthi uma ibotshoziwe 6ese sikwa amatshontsho kosiwe khona esi6ayeni. Kuzakuthi umasekukhishwa izitho kunakekelwe ngo6a zonke zina6anikazigo uma umuzi uthulekahle kumiswa izitho zenkomo njengohlelo lomkhaya. Kwakwaziswa uma kunesinye isitho esonakele. Uma isitho sezintombi singa phumanga

133. kahle kwakuhlawalwa, naso esama khosikazi sasihlawulwa uma singaphumanga kahle. Uma seku phelile ukuhlinza inyama yayithuthelwa endlini i6ekwe khona ngesikhumbasayo. Kwakungavunyelwa uku6a inyama yeqiswe isi6aya yayiphumiswa ngentu6a yesi6aya. Okwenza kunga vunywa uku6a inyama yeqiswe isi6aya yingo6a kwakuthiwa izinkomo ziyo kweqa isi6aya. Futhi kwa kuthiwa kuyazinciphisa izimpahla zomnumzane uma inyama yeqeswa

/isi6aya............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

isi6aya. Inyama ukuyisa endlini yayiswa yila6o 6ozalo kuphela. Umuntu ongeyena wozalo waye ngasondeli.

134. Kwakuthi umakuthathwa isikhumba siphuma esi6ayeni kuqashelwe ukuthi ikhanda lesikhumba libeka emnyango. Noma sesiyongena endlini kungene lona ikhanda kuqala. Noma sesomile se6ekwe endlini ekhanda laso lalibeka emusamo. Kuka njalo nakuyona mhloko uma ithathwa iphuma esi6ayeni izimpondo zazibekiswa phambili kuthi intamo isalele ngemuva kuyakuthi uma seyingena endlini endlini izinipondo zibekiswe phambili. Kwa kuwumthetho omkhulu impela ku6antu 6onke. Nanamhlanjena kuyahlonishwa uma isikhumba noma esembuzi noma esani ekhanda libekiswa

135. phambili, emusamo. Lomkhu6a wenzelwa uku6a izimpahla zande ekhaya. Uma isikhumba sibekiswa emunyango ikhanda izimphahla aqicumi.

Uma upha umuntu othile inyama mhlawumbe lomuntu umngani wakho amanqina ayengaphumeli komunye umuzi. Noma sekunjani amaqini awase khaya wona. Umuntu wayengaphiwa inyama isivuthiwe wayaphiwa inyama eluhlaza. Lona kwakuwa mthetho owaziwayo ku6antu kunezinye izitho njenge6ele nesiqe kwakungaphumi noma kanjani, lezi izitho zasekhaya. Uma umuntu uzikhiphile lezizitho waye velelwa amashwa ekhaya.

136. Kwakunamathambo athile ezilwane umakuhlatshiwe ayengaphumi. Lamathambo ayethathwa ahlongwe endlini kwa Gogo. Kwakwenzelwa uku6a izimpahla zande ekhaya. Uma kungenziwanga izimphahla zazingandi. Kwakuthathwa ithambo lomhlathi kanye nethambo livesiphanga. Uma umnumzane engesona isihla6i kwaku6onakala ngawo amathambo uku6a mancane ekhaya. Kwakuye ku6onakale nangezikhumba ekhaya. Kunjengase ukukwani kwakhuthi uma inkukhu icamusele umuntu athathe lonke ugebezi lwamaqanda aluhlome phezulu endlini e6aswayo, kwenzelwe uku6a izinkukhuzicume.

137. Inyama eyayidliwa a6afana izindevu nendle6e kuyoyonke inyama kwaku6anjalo. Kwakuyekuthi u6u6ende 6udliwe a6afana a6ancane a6elusa amathole 6ona. Lokukusho inda6a enkulu mayelana na6afana nezinkomo. Udevu lwe silwane lwalunikwa a6afana ukuze kuthi noma izinkomo noma yini ezilwaneni elahlekile 6asheshe 6ayithole a6afana. Phela inkomo nezilwane zonke zifufutha ngazo izindevu zazo uma zifuna ukuzwa noma yini. Kwakwenzelwa yikhona 6eyokhumbula ukuthi indle6e yesilwane imunandi 6anga khohlwa yimpahla. Kuningi izinto ezazihanjiswa ngezinci zazo kuqala.

138. Ngaphandle 6o6umnandi 6endle6e kwakwenzelwa ukuze a6afana 6asheshe 6a yizwe inkomo uma ilahlekile.

/Uma inkomo..... .......

Uma inkomo ihlathwa kwakuthathwa isho6a layo inkomo lifinywe ifindo ukuze inkomo i6emunandi futhi inga6ulali a6antu eziswini. Kunjenga makuthemwa izinkomo noma ihhashi kuyekufinywe lona isho6a ukuze isilwane singavuvuki. Uma eseqedile uyasidonsa umsila ukuze singazondi no6uhlungu ukuze 6u6engcono. Okunye ukuze isilwane singezwa 6uhlungu umuntu osihla6ayo u6ethatha uqunga adlelona ukuze inyama i6emunandi nesilwane sengezwa u6uhlungu umusho6a wenkomo ukhuluma izinto
139. eziningi. Uma kuyolotsholwa intombi izinkomo sezishaywa esi6ayeni kuyekume yena uMnumzane esi6ayeni. Kusuke kukhona nezintombi nezinsizwa khona lapho esi6ayeni. Kuyakuthi emunyango wezinkomo kume isalukazi. Umunumzane uzakuzidonsa ngama sho6a zonke lezinkomo udophuma wona umusho6a wazo ukuze enze inkathe ngalomusho6a wezinkomo. Wenzela ukuze a6uye azithole uyazi6amba izinkomo uku6a zimandele noma phela ezikhiphile lezi zika makoti. Futhi wenzela ukuthi umakoti uma efika lapha ekhaya angamuki kanti a hlale njalo. Lemisho6a yelapho naye umakoti.

140. Kuyakuthi umaseziphuma sezihamba kukhona isalukazi esimi emunyango simele ukuzishaya ngomshayelo loko kwenzelwa uku6a umakoti akhuthale anga6i na6ulaka uma efika ekhaya. Futhi isalukazi siyidlozi kwenzelwa ukuthi izinkomo zizezimandele uyise kamakoti, naye aze acunywe inzalo. Isalukazi idlozi lawo wonke umuzi noma umuphi akukhethiwe. Kuyakuthi uma ziphuma sizishaye emhlane lapha emaqolo ngawo umshayelo. Kuthiwa yingako omakoti 6a kuqala la6ephumelela, 6ahlale ngokuthula ngo6a miningi imikhu6a a6a6ecelelwa ngayo kwa6akhulu a6asekhona naku 6ona ase6afa. Na6ase muzini 6aku6o kamakoti 6a6e wenzela okuhle okuningi
141. mayelana namasiko. Ukumiselwa kwezilwane ukuze zingahambi umasezifike emuzi. Kwakuthi ngalelo langa ezifike ngalo zingakahlangani nezinye izilwane 6ese ku6ekwa amanzi ezikho kuphekwe izinko6e. Kuya kuthi uma sezi6ila izinko6e 6ese umuntu uyazephula eziko usethatha usephozisa amanzi ezinko6elawo. Usesiphuzisa isilwane leso. Umaziningi izilwane. Useziphuzisa zonke. Loku 6eku vama ukwenziwa ezimbuzini masezimvini. Inkomo yona yayithelwa ngomqu6a ukuze zijwayela nayo. Uma imbuzi noma yimvu iphuzisiwe lawo manzi yayi 6uya nayo kanye nezomuzi inga6e isaphindela emuva. Nezalo-muzi sezizoyijwa yela masishane zingayihla6i. Nasenzalweni kuthiwa yayanda masishane.

142/Ukuhleza................

imva ma yamakhosi yayingena ndaɓa kakhulu naɓangaphili. Umseɓenzi
146. wama jaha lawo kwakuwukuviva aɓaningi lapha ɓaɓelimala impela. Kodwa
kungenandaɓa. Amajaka lana ayefundiselwa ukuze akwazi ukuɓekezela
ngezikhathi zempi.

Kwakungawulwa nezintungwa zomuzi wenkosi. Yiwona futhi amajaka ayesenga izinkomo zompakathi. Uma kuse ngwa ɓaɓenezinkomo aɓaziklezayo umase ɓeziphinda umphehlu. Uma izinkomo ziningi kunaɓo aɓanye ɓakleze kuzo zize ziɓembili noma zintathu. Kwakuya ngokuhlakanipha kwaɓafana. Omunye umseɓenzi ɓaɓegawula ugagane lokuɓiya nelokuɓasela inkosi. Izinkomo zenkosi zazingasengwa yilamajaha. Kwakunezinceku zenkosi eyizona zazenza lomseɓenzi wokuyisengela.

147. Umasekuphelile ngaleli elinye iɓutho kungene elinye lamajaha umaseliphuma leli seliyaɓuthwa selilwa izimpi njalo njena. Futhi amadlangala okulala woma amajaha ayakhiwa yiwona amajaha lawo. Uma inkosi iɓona ukuthi amajaha lana akhuthele futhi ahlakaniphile yayiwa hlaɓela. Phela ingwe idlangamaɓala. Umanjalo iɓutho lamajaha lingahlakaniphile angahlatshelwa, Kwakuthi amanye aɓulale nezilwane eziningi njengengonyama, amabubesi nezinyoka ayokwethula enkosini. Inkosi isizoɓona isiɓindisawo amajaha. Uma eɓulele ingwe ayehlatshiswa izinkaɓi ezilishumi inkosi iɓonga. Lawo majaha asezokwaziwa nayo yona inkosi nezinduna ziwazise.

148. Kuyothi noma ephuma impi kwethenjwe ukuthi azokwenza lukhulu. Amanye njalo aquɓeke ngalo udumo noma eseɓuthiwe. Phela amajaha uma elapho komkhulu asuke edla nemithi kuzona izinyanga zesizwe. Uma inkosi iswaɓutho iyawahlaɓela kodwa angenza ngalutho awahlatshelwa izinkomo eziningi kuyaye kuhlonishwe lawo enze izinto ezinhle ngezinkomo eziningi kwesulwa imithi eɓidliwa iwona amajaha. Kuyakuthi uma izinkomo zihlinzwa kukhethwe izinceku kuɓe yizona ezinza lomseɓenzi nokuɓa amajaha umsebenzi wezinceku kuphela. Kuyakuthi angaqeda ukuyidla inyama lena asesukuma amajaha asegiya nawo. Phela izinkomo zidliwa notshwala, uma eseɓongela:-

149. Ngwe uyakhula, ɓaqede!
Ndlovu hloma, uhlasele!
Kuzwakele ukukhala kwamathole,
Onina ɓabonsa ɓaze ɓadela.
Ingama lifike ngimncane,

/Sengekhulile............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21 42

Sengekhulile ngali6ona ngamehlo.

USifu6a simumothe lukhulu luyesa6eka,

Uzinda6a zilala amafusi,

Nyakana zi6onakayalo ngeyese6a

Umumtu uyakuzezwela.

Okhiphe imbila ezixotsheni,

Impunzi ezamelo yodwa yama ezixatsheni.

Umpanga langa liyoshona

Lithena liphuma laphuma namadoda.

Unta6a zonke, ziyamesa6a.

Kuthi nayo inkosi iyaphuma endlini iyozi6ongela izinsizwa zayo uma ziguya nayo ija6ule.

150. Kuyakuthi uma ama6utho esegena esi6ayeni angene ngamahu6o. Kwakwenzeka uku6a inkosi i6ize amajaha ayiziga6a ezimbili. Manjena naleso naleso sogiya kwakungagiywa kanye, kanye kwakulandelwana. Kuyakuthi uma seliqedile elinye i6utho kuqale elinye inkosi isizo thumela inceku yayo iwa6onge. Sekuzothi ngezici zawo ama6utho asethola igama le6utho lawo. Phela igama liqanjwa ngesici se6utho. Uma ukuthi i6utho linezidakwa kuthiwe yizona izidakwa. Nomuntwana wayethola igama ngesici esithile muhlambo esikanina kokunye ngesici esikuyise. Uma seliqaniwe i6utho inkosi isilidedela lihambe liye emakhaya.

151. <u>Inkosi lena uMpephetha waye no laka.</u>

Sizokhuluma ngoku6usa kwakhe. Wa6usa isikhathi eside. Kuthiwa yena wayenenqondo kodwa futhi waye nolaka kakhulu ku6antu 6akhe. Na6esifazane waye nga6anakile kakhulu impela. Kuthiwa kwathi ngelinye ilanga kuhlezwe njena komkhulu inkosi u<u>Mpephetha,</u> wayexa6ene nelanga. Kwakuloku kusile inkosi ingakhulumi kodwa imile esi6ayeni sezinkomo. Kuthena kuqamuka kwaqamuka umfowakwa <u>Msi6i,</u> usengena ese6ongela. Kwakuyinduna yase <u>Makhosini</u> lena. Uthe uma ethuke wa6ona inkosi imikufuqa umusi emlonyeni wayo. Yathi ngokumbeka yathi akasuswe ngomkhonto ne6ala

152. izinsizwa zayi6ulala induna lena. Kanti kuthena ngayizola we6ona izingane ezincane za6afana zizihambela zame zamu6uka lapho eqamuka azamu6alekela manjena kwamucasula loko. Wayese6iza induna wathi azi6ulawe lezongane ne6ala za6ulawa. Kuthena uma ihlalephansi inkosi a6ongela wonke ama6utho. Uthena esuka wase uyacitha ama6utho wathi awahambe. Akwaziwa ukuthi uMphephetha wayecasulwe yini kangakana. Kodwa

/kuso6ala .............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

kuso6ala ukuthi ezinye izinduna zakhe zamu6ikela ukuthi kuna6antu a6anyonyo6ela isigodlo sakhe 6angene ngaphakathi uma uMphephetha enge-
153. kho ehlasele. Manjena loku kwamucasula impela kakhulu kwakungaqali uku6a izinduna zimu6ikele inda6a enjengalena. Noma waye6iza impi uku6ulala umhlunkulu wa6uye wazikuza.

Kuthena uma eseyicithile impi yakwakhe wayese6iza izinduna zodwa ukuthi kuhle zimu6onise imigede yonke ikhona impi ezayo usezwile. Kwangathi uzothatha izinsuku eziningi ehambe e6uka wona umgede. Kuthena esikude nasekhaya 6angena ehlathini 6abaca khona.- Kuthena uma eselapho ehlathini wazitshena izinduna ukuthi uqondeni yena. Wathi ngiyezwa
154. ukuthi umhlumkulu unamasoka engingawafuni. Ngicamanga mina ukuthi owami kanti si6aningi. Uma ngihlasele ngiyezwa ukuthi uphuma uye emasokeni awo. Nezinduna zamangala ukuzwa umhlola ongaka. Ezinye zathi mhlaumbe inkosi ifuna uku6ulala zona. Kuthena umase liyoshona wahti kuhle 6ahambe ngehlathi 6asondele 6anga6onwa. Kuthena uma se6e sondele yasithi kuhle 6ame manjena izinduna leziziningi impela. Kuthena uma sezisondele kwa6a isikhashana 6azi6ona izintombizeqa uthango ziya kuwona 'amasoka azo. Yavuka impi yezinduna za6anjwa izintombi nezinsizwa
155. kwase kugcwala isi6aya senkosi kuthena singagcwala inkosi ya6iza ama6utho ukuzo6a 6ulala 6onke la6o a6enze oku6i. Kusukela ngalesi sikhathi kwake kwathula umhlola onjengalona.

Kuthiwa wayesecamanga amasu okwenza izinsizwa zingali6ali ekhaya wathi ngelinye ilanga e6ikela zona izinduna zakhe esi6ayeni. Wathi kade ngikhuluma ma6aphansi, ngisho ase6afa. Wathi okhokho 6ayasola ukuthi lesisizwe siyavilapha sizophela, ne6ala zamuvumela izinduna ukuthi kunjalo nkosi, wayesethi kuhla kuphunwe izimpi ukuze isizwe sakhe singapheli. Phela umuthi waye wazi kakhulu uMpephetha. Nayo imilingo
156. waye yenza. Kuthe kunjalo ama6utho akhe aqala ukuphuma ehlasela. Ahlasela nakwazulu kodwa awafinyelela khona a6uya endleleni. Yiwona amaphephetha a6ulala uyise ka Galaza indodana ka Senzangakhona uNgungunyane Yona yayi 6usa phakathi. Kwakwa zulu nase 6onjeni. Kwathi uku6a ama6utho ajwayele ukuphuma kwase ku6a ngcono nokuganga emzini. Miningi eminye inukhu6a eyayenziwa uMphephetha. Yingako ama Vilalazi akwazi uku6a yisizwe nase mpini kuthiwa miningi imilingo ayeyenza yena uqo6e waye hamba nayo impi yakhe.

157. Kuthena uku6a uMphephetha a6ehlule la6a 6akwa Zulu kunge6ona

/ngo6a no ..........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

ngo6a no Shaka wayefuna uku6a6ulala njengo6a kwakungathi 6aya6anga naye. Uthena ngoku 6a6ulala wase uya6onga uShaka. Kodwa uMphephetha wayengakhohliwe uShaka. Kuthena nglinye ilanga walwa namaNtuli. Wawehlula amaNtuli lana ayesemuka aya akha enzansi ngase Thekwini. Kuthena langa linye uShaka wawa sukula wawaxosha amaNtuli. Yangako namhlanjena nawo amaNtuli usuhamba uwathola kwezinye izizwe ekhonze khona amanye akhona kuleli lamaNgwane, nakwazulu futhi.

158. Izi6ongo za6afokazana.

Kwathi uku6a uMphephetha a6one ukuthi ku6i uku6a umfokazana. Kuthiwa kwaku6uthene umkandlu esi6a yeni naye ekhona uMphephetha. Phela kuthiwa wayethanda ukuxoxa na6antu 6akhe. Ngelinye ilanga kuthiwa umuntu waye nga6ona samfokazana njena kanti akazi ukuthi yinkosi kodwa ngo6omutu 6akhe wayehlonipheka noma engavumulanga. Noma engavumilanga. Noma exoxa wayexoxa ngo6ugagu o6ukhulu. Wayenamazwi a6ukhali kanti namehlo akhe ayemakhulu esa6eka. Kuthiwa wamangala ukuthi umfokazana yena akazami ngani afane na6anye na a6amumzane.

159. Wayesethi nididwa ngo6a nongenankomo uyayidla inyama. Wayefuna uku6a 6onke 6a6e ngamaqhawe ukuze a6axoshise izinkomo wathi maVilakazi nazi izi6ongo engizimika a6afoka zana:-

Yavuthwa esekunina,
Yavuthwa engakazalwa
Kwasho amadoda elo6iza esi6ayeni,
Ngoku6ogela umusi wenyama,
Ngo6a inyama ilivela kancane.
Nongenankomo uyayedla inyama Maphephetha.
Amadoda amemeza,
Ama6ongandlini,
Amemeza zesondela izinsizwa.
Zavuma zisondelela amehlo,
Zasho ziwa hlinhliza eziko
160. Ziwa hlinhliza emhlweni.
Nongenankomo uyayedla inyama
Yaphuma inyama wameme usokhaya,
Asondela amadoda.
Wamemeza idu6ukele.
Ilanga seli6antu 6akhe.

/A6afokazana..........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



A6afokazana 6anyonyotha,
6anyonyotha 6ayasondela.
Nongenankomo uyayidla inyama.
Izithe6e azikhethi,
Umkwe awum6oni umfokazane.
Kwafika indoda, nensizwa.
Kwafika umnumzane,
Kwafika umfokazane.
U6ani ongezwangana?
Kwafika ama6ingu na6afana.
Kwafika ntombi, kwafikakosikazi
Izalalukazi namaxegu zalaudela.
Nongenankomo uyayidla inyama
Ysuka kwagiya wa6afokazane.
6agiya 6enemele amaqatha.
Nongenankomo uyayidla inyama.

161. Kuyekuthe uma amadoda eseya esi6ayeni kuzwakale induna yenkosi isi6ongela umasekuphume yona indloko. Kuthiwa amanye amadoda kwawenyelisa azifuna izinkomo nawo. Amanye awazange anakhe. Phela yayisha njena inkosi ngo6a nasotshwaleni kuyenanwanwa. Manjena emnyameni akwenanwanwa. Kwathi kunjalo isithe6e sa6afokazana sasodwa, kwathi esa6a numzane sasodwa futhi. Inyama ya6anumzane yayikhethiwe ingcono kuneya6afokazana. Yi6ona a6afokazana e6e6esondela eziko 6ayoyosa inyama nase ku6engeni yi6ona a6afokazane a6asizayo. A6anumzane 6ayazihlalela 6ona. Inyama iyasetshenzelwa.

162. Uku6uya kwezinkomo zizosengwa:-

Amakhehla ayethanda kakhulu uku6ongela izinkomo uma sezizosengwa:-

Khala nkomo ka Ngwane!
Awusoze waya ndawo.
Wewu! khona lena!
Nkomazi ka lulwandle,
Kukude lapho wavela khona
Khala nkomo ka Ngwane!

Phela izinkomo zazisesutha zisenamadlelo ekuzedlela kungenjenganamhlanjena. Lapho sezingenalutho izinkomo. Zazisengwa yizinsizwa izinkomazi kwakungasengu a6antwana njengo6a namhlanjena kwenziw.
/Izinkomo...........

 K13/21 46

Izinkomo zazingamvelede amakhulu, a6antwana 6a6engezilokothe. Ezinye zazihla6a kunjalo njena.

163. Uma inkomo iqala ukuzala isinesithu6i yayisengwa kancane yona kuzakuthi isithu6i sinikwe a6afana a6ancane. Ngokokuqala sasingavutshelwa isithu6i kwakuthi ngelanga lesi6ili livutshelwa ngomca6a a6afana 6a6ezenzela 6ona 6odwa. Amantombazane ayengasidli wona esithu6i kwakuze kuphele isonto kwenzelwa u6isi uku6a luhlambuluke lu6e luhle kande lethiwe enguleni. Uma inkomo isaqala ukuzala yayinga sengelwa umnumzane. Umnumzane u6esengelwa ezinkomeni, esezizindala esekade zazizala. Uma inkomo inenkonyane encane yayingasengelwa umnumzane.

164. Kwakuthiwa u6isi lwendlezane aluqinile uma indoda yomuzi idla lolo 6isi yayingaqini nayo. Yingako amadoda amadala a6amnumzane 6a6engawadli amasi endlezane. Ayedliwa yizingane wona. Umnumzane wayedla amasi ethole ukuze aqine. Umfana uma adle amasi ethole wayelala emini kuthiwa amasi ethole ayezelisa. Ngako a6afana 6a6enganikwa wona. Uma ukleza kuklezwa kwezindala izinkomo ezinamathole. Uma ukleza izinkomo ezinamankonyane amancane wawu6a nezilo esiswini. Kuthiwa u6isi lwenkonyane alulungile.

165. Uma izinkomo zisengwa kwakuqalwa ngezinkomo zomnumzane. Uma a6afana 6e6aningi ekhaya uyedwa umfana owayesenga izinkomo zomnumzane eyedwa nakuleyondlu. Uma omunye egula noma engekho usezocela omunye uku6a amusengele. Kodwa inkomo nenkonyane eyayiqala ukuphuma esi6ayeni iyona esengelwa umnumzane. Kwakusengwa ekhona naye omunye umnumzane. Omunye njalo wayengenaso isikhathi wayegcina ekuseni kuphela uma evuka eyozi6ona. Zazingashaywa izinkomo lezi uma zisengwa nomazeqa zazincengwa. Zishaywe ngokuntshentsha kuphela.

ENDS. 800

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018